



It starts with a story...

But they don't want to read...

We know that the more our children read, the better they get at it and the more they enjoy it. So, we provide lots of interesting books for children to read from an early age, read to them regularly and offer them gentle encouragement each time they read or look at books.

But what if you've done all these things and your child can read, but chooses not to? How do you "switch" them on to reading again or for the first time? Here are a few suggestions – some of them from children who stopped reading for pleasure for a while and then reconnected with it!

- For some children, reading is difficult and so it's less likely that they will choose to read for pleasure. To help them discover the enjoyment

that we can get from reading, try to find material on topics that you think will interest them. Books and magazines with more pictures than words can often make reading seem like less of a chore. Read together only for as long as your child seems interested – then leave the book or magazine lying around so that they can choose to look at it later.

- Reading aloud to children regularly – no matter what their age – makes books and reading part of daily life. It is a great way to spend time relaxing together and allows your children to experience stories without having to read them themselves. The satisfaction that they get from time spent together sharing stories, is often enough to switch them onto reading for themselves.
- Nagging never helps! Feeling bad about not reading doesn't encourage children to read –

instead, it makes them resent reading. Rather let your children see you choosing to read in your spare time and leave different kinds of interesting reading material lying around your home in places that they will find them!

- Visit the library or bookshops and let your children choose books that they want to read. Reading something is better than not reading at all, so don't worry if the books your children choose seem too easy for them, or are on subjects that you don't think are important. Respecting their reading choices helps them to grow as readers.

For more information on reading with your children, visit "Tips and Topics" on www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Ngabe kungani bengafuni ukufunda...

Siyazi ukuthi uma izingane zethu zifunda kakhulu, ziya zithuthuka ekufundeni futhi ziya ngokuthokozela ukufunda. Ngakho, sihlizeka ngezincwadi eziningi ezihlaba umxhwele zokwenza ukuthi izingane zifunde kusukela zincane, nawe zifundele njalo bese uzikhuthaza futhi njalo uma zifunda noma zibuka izincwadi.

Kodwa ungenzenjani uma usukwenzile konke lokhu kodwa ingane yakho noma ikwazi ukufunda, ikhetha ukungafundi? "Uyenza" kanjani ukuthi ikwazi ukufunda futhi, noma ukuthi ifunde okokuqala? Nazi iziphakamiso ezimbalwa – ezinye zazo zivela ezinganeni ezake zayeka okwesikhashana ukufundela ukuzithokozisa zaphinde zaqhubeka futhi!

- Kunzima ukufunda kwezinye izingane, ngakho-ke mancane amathuba okuthi zikhetha ukufundela ukuzithokozisa. Ukuzisiza ukuthi zithole ukuzithokozisa esingakuthola ekufundeni, zama ukuthola okungase kufundwe okungezihloko ocabanga ukuthi zingazihlaba umxhwele. Izincwadi namaphephabhuku okunezithombe eziningi kunamagama, esikhathini esiningi

kungenza ukufunda kungabi sengathi umsebenzi. Fundani ndawonye ngesikhathi ingane yakho esakuthanda ngaso ukufunda – bese uyiyeka lapho incwadi noma iphephabhuku ukuze ingane izikhetha ukuthi ikubuke lokho ekuhambeni kwesikhathi.

- Ukufundela izingane kakhulu njalo nje – noma ngabe zingakanani – kwenza izincwadi nokufunda kube yingxenye yempilo yazo yansuku zonke. Yindlela ekahle yokuchitha isikhathi sokuphumula ndawonye futhi kuvumela izingane zakho ukuthi zizizwele izindaba ngaphandle kokuzifundela zona. Ukugculiseka ezikhathini esikhathini esichithwe ndawonye kwabelwana ngezindaba, kuvamise ukuthi kwanele ukuthi zingaba abafundi zona uqobo.
- Ukucefezela umuntu akuzange kwasebenza! Ukungazizwa kahle ngokungafundi akukaze kukhuthaze izingane ukuthi zifunde – kunalokho, kuzenza ukuthi zikuzonde ukufunda. Ngcono-ke wenze ukuba izingane zakho zikubone ukhetha ukufunda ngesikhathi sakho sokuthatha ikhefu bese ubeka okungafundwa okuhlaba umxhwele ezindaweni lapho ezizokuthola khona ekhaya lakho!

- Vakashela umtapo wezincwadi noma isitolo sezincwadi bese uyekela izingane zakho ukuthi zikhetha izincwadi ezifuna ukuzifunda. Ukufunda okuthile kungcono kunokungafundi nhlobo, ngakho ungakhathazeki uma izincwadi ezifundwa izingane zakho zibukeka zilula kakhulu kuzo, noma uma zingezihloko ongacabangi ukuthi zibalulekile. Ukuhlonipha lokho ezikhetha ukufunda kusiza ukuthi zikhule njengabafundi.

Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokufunda nezingane zakho, vakashela ku-"Tips and Topics" ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your
imagination

Read to me. Never too early.
Never too late.
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.
Ungelibale kakhulu futhi.





Drive your imagination

Story stars

Growing through reading

Inkwenkwezi is a Rhodes University student organisation working to improve early childhood literacy in the Grahamstown community. We spoke to Emma Jackson, who has been volunteering with Inkwenkwezi since 2011.



Tell us about the work Inkwenkwezi does.

Inkwenkwezi focuses on children's literacy development. For one hour each week, volunteers spend time during break and after school at four primary schools in the Grahamstown area. We do paired reading (when a volunteer and child read a book together) because we believe this helps children, especially because their individual needs are often overlooked in big classes.

How do you involve the children's parents?

We send the children home with copies of the Nal'ibali reading-for-enjoyment supplement we receive each week, to read and explore together with their parents.

Why do you think reading is so important?

Reading is a very important part of learning and developing. It opens so many doors and allows a child to come into contact with thousands of different concepts. So much of what we learn and come to understand is through books. Also, in a country where up to 20% of adults are functionally illiterate, it's important to try and correct this; and it makes sense to do so starting with young children.

What are the main challenges you face?

It can be tough getting volunteers; and it's even tougher trying to keep the number of active volunteers going.

What motivates you to stay involved?

During my first year of volunteering I travelled across the railway line every Thursday to teach English to two Grade 2 learners, Hilda and Tarren, at an Afrikaans-medium school. For the first four weeks I could only get Hilda to speak to me in Afrikaans. But in the fifth week, something amazing happened – Hilda spoke her first two sentences of English to me. We were creating our own story called "Things I like" when Hilda said softly, "I like potato, I like butterfly." To me, it was a monumental breakthrough and evidence that what I was doing was making a small difference, and that small difference was worth it!

What do the volunteers get out of the project?

Inkwenkwezi doesn't just benefit the children. This project offers many ways for volunteers to grow as individuals. It allows many of them to do something they may have never done before – to teach!

Abavelele ezindabeni

Ukukhuliswa ngokufunda

Inkwenkwezi yinhlangano yezitshudeni zaseNyuvesi yaseRhodes esebenzela ukwenza ngcono ukushesha kwezingane ukwazi ukufunda nokubhala emphakathini waseGrahamstown. Sixoxe no-Emma Jackson, osevolontyiye e-Inkwenkwezi kusukela ngo-2011.

Sicela usitshela ngomsebenzi owenziwa Inkwenkwezi.

Inkwenkwezi igxile ekuthuthukiseni izingane ukuthi zisheshe zikwazi ukufunda nokubhala. Ihora elilodwa esontweni ngalinye, amavolontiya achitha isikhathi sawo sekhefu nesikhathi sawo ngemuva kokuphuma kwesikole ezikoleni zamabanga aphantsi ezine zasendaweni yaseGrahamstown. Sifunda ngababili (lokhu kuchaza ukuthi ivolontiya nengane bafunda incwadi ndawonye) ngoba sikholelwa ekutheni lokhu kusiza izingane, ikakhulukazi ngoba izidingo zazo ngazodwana zivamise ukunganakwa emaklasini amakhulu.

Nibabandakanya kanjani abazali bezingane?

Sithumela izingane namakhophi ezithasiselo zakwaNal'ibali zokufundela ukuzithokozisa esizithola isonto ngalinye, ukuze zizifunde zijule nazo nabazali bazo.

Kungani ucabanga ukuthi ukufunda kubaluleke kakhulu?

Ukufunda kuyingxeny ebaluleke kakhulu yokufunda nokuthuthuka. Kuvula iminyango eminingi futhi kuvumela ingane ukuthi ihlangabezane nemiqondo eminingi eyahlukene. Okuningi kwalokho esikufundayo nesikuqondayo kuphuma ezincwadini. Futhi, ezweni lapho bengabalelwa kuma-20% abantu abadala abangakwazi ukufunda nokubhala, kubalulekile ukuthi sizame ukulungisa lokhu; futhi kunokuhlakanipha ukuqala ukwenza kanjalo ngezingane ezincane.

Iziphi izinselele ezinkulu enibhekana nazo?

Kungaba nzima ukuthola amavolontiya; futhi kunzima kakhulu ukuzama ukugcina inani lamavolontiya asebenzayo.

Yini ekukhuthaza ukuthi uhlale ubambe iqhaza?

Ngonyaka wami wokuqala wokuba yivolontiya ngangiwela uJantshi njalo ngoLwesine ngiyofundisa isiNgesi abafundi ababili beBanga lesi-2, uHilda noTarren, esikoleni esifundisa ngolimi lwesiBhunu. Ngamasonto amane okuqala ngakwazi ukwenza uHilda kuphela ukuthi akhulume nami ngesiBhunu. Kodwa ngesonto lesihlanu, kwenzeka into emangalisayo – uHilda wakhuluma nami imisho yakhe yokuqala yesiNgesi. Sasizenzela indaba yethu ebizwa ngokuthi "Izinto engizithandayo" ngesikhathi uHilda esholo phansi ngesiNgesi ethi, "Ngithanda izambane, ngithanda uvenwane." Kimi, lokhu kwaba impumelelo engefaniwe nalutho, nobufakazi bokuthi lokho ebengikwenza bekwenza umehluko omncane, nokuthi lowo mehluko omncane ububalulekile!

Amavolontiya atholani kule phrojekthi?

Inkwenkwezi ayisizi kuphela izingane. Le phrojekthi ihlinzeka ngezindlela eziningi zokuthi amavolontiya akhule ngokwawo. Kuwavumela amaningi awo ukuthi enze okuthile angazange akwenza ngaphambilini – ukufundisa!

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.



* For terms and conditions that apply, go to www.nalibali.org/story-stars.

Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangano bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxeny yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla* ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-www.nalibali.org/story-stars.

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgesi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



UMimi noGogo bahamba baya ngasesitodlwanezi sezicatshulo. Izinyawo zikaMimi zazala ukushaya phansi futhi.

UMimi and Gogo walked towards the shoe stall. Mimi's feet began to tap again. "Stop!" said Mimi. "No dancing!"



"Gogo!" kumemeza uMimi esegatshezi lesihlahla. "Mimi, yehla!" kumemeza uGogo. "Yeka ukudansa! Hamba nami bese ubamba isandla sami."

"Gogo!" Mimi called from a tree branch. "Mimi, come down!" shouted Gogo. "No dancing! Walk with me, and hold my hand." "Yes, Gogo," said Mimi.



Fold


Mimi's dancing feet is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit www.cup.co.za



Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021-4198418
Email info@cup.co.za



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold

CAMBRIDGE

Mimi's dancing feet Izinyawo zikaMimi ezidansayo



Nicole Levin
Natalie Hinrichsen



“Ngabe uke wayibona ingane edansayo?”
 kubuza uGogo kodayisa izimbali.
 “Cha, angizange ngiyibone,” kusho yena.
 UGogo wafuna kuyo yonke imakethe.
 Wayengamboni ndawo uMimi.

Gogo walked all over the marketplace. She
 couldn't see Mimi anywhere.
 “No, I haven't,” she said.

“Have you seen a dancing girl?” Gogo asked
 the flower seller.



Mimi's feet always want to dance.
 Her feet dance away from Gogo.
 Step, hop, step, leap, skip, turn!

Izinyawo zikaMimi
 zihlale zifuna
 ukudansa. Izinyawo
 zakhe zidansa ashiye
 uGogo. Unyathela,
 agxume, anyathele,
 agxume, ajombe,
 aphenduke!



They dance over chairs and
 under tables. They dance
 out of the house. They
 dance across the street.
 They dance up trees. Mimi's
 feet dance everywhere.

Zidansa zeqe izihlalo
 zishone nangaphansi
 kwamatafula. Zidansa
 zimkhiphe endlini. Zidansa
 eqe umgwaqo. Zidansa
 agibele esihlahleni.
 Izinyawo zikaMimi zidansa
 yonke indawo.



Kodwa azilalelanga izinyawo zikaMimi!
 Zadansa yonke indawo. Zadansa ngaphansi
 kwetafula nangemuva kodayisa izimbali.
 Wanayathela, waphenduka, wanayathela,
 waphenduka, wagijima wase uyagxuma!

But Mimi's feet wouldn't listen. They danced
 everywhere. They danced under a table and
 behind the flower seller. Step, turn, step,
 turn, run and jump!



But Mimi was gone, dancing all the way home.

Kodwa uMimi wayesehambile, edansa
 indlela yonke eya ekhaya.

And then they danced into a box of melons.
 Suddenly Gogo couldn't see Mimi anywhere.
 "Oh no!" cried Gogo. "She's danced away again!"
 Zase zidansa zayongena ebhokisini! elinamakhabe.
 kusenjalo, uGogo wayengasamboni ndawo uMimi.
 "Kodwa nkosi yami!" kukhala uGogo. "Udanse
 wahamba futhi!"



Fold

"Oh no!" cried Gogo, "Mimi has danced
 away again!"
 Gogo couldn't see Mimi anywhere.
 "Awu nkosi yami!" kukhala uGogo,
 "uMimi usedanse wahamba futhi!"
 UGogo wayengasamboni ndawo uMimi.



They walked onto the street. Mimi's feet began
 to tap. Then her feet danced away. Step, hop,
 step, leap, skip, skip, leap!
 "Come back!" shouted Gogo.

Bangena emgwaqweni. Izinyawo zikaMimi
 zaqala ukushaya phansi. Izinyawo zakhe zadansa
 wahamba. Wanyathela, wagxuma, wanyathela,
 wajomba, wagxuma, wagxuma, wajomba!
 "Buya bo!" kumemeza uGogo.



One day, Gogo and Mimi went to the market.
 "Mimi," said Gogo, "you can't dance here. It
 is too busy. Hold my hand and walk with me.
 I don't want to lose you."

Ngolunye usuku, uGogo noMimi baya emakethe.
 "Mimi," kusho uGogo, "angeke ukwazi ukudansa
 la. Kuyaphithizela. Bamba isandla sami bese
 uhamba nami. Angifuni ukulahlekelwa nguwe."

Ekugaleni, uMimi wahamba eduze kukaGogo. Kodwa kungaphelanga sikhathi, wagala ukushaya phansi ngonayo. Zaqala ukudansa. Wanyathela, wagxuma, wanyathela, waphenduka, wajomba!

At first, Mimi walked next to Gogo. But soon her feet began to tap. Then they danced. Step, hop, step, hop, turn, leap!



“Ngabe uke wayibona intombazane edansayo?” kubuza uGogo kodayisa izithelo. Ngemva kwakhe kwakuhona ibhokisi elikhulu lamakhabe. UGogo wabona ingalo kaMimi eyayivele phezu kwebhokisi. UGogo wadonsa uMimi ngenvalo.

“Have you seen a dancing girl?” Gogo asked the fruit seller. Behind him was a big box of melons. Gogo could see Mimi’s arm sticking out of the box. Gogo pulled Mimi out.



“Yes, Gogo,” said Mimi. Mimi looked at her feet, “Did you hear that? No dancing!” But her feet didn’t reply.

“Yebo Gogo,” kusho uMimi. UMimi wabuka izinyawo zakhe, “Nikuzwile lokho? Ningadansi!” Kodwa aziphendulanga izinyawo zakhe.



“I am very angry with you, Mimi. We are going home now!” Gogo pulled Mimi by the hand. They walked out of the market.

“Ngikuthukuthelele kakhulu, Mimi. Sesiyagoduka manje!” UGogo wadonsa uMimi ngenvalo. Baphuma emakethe.

Get story active!

Here are some activities based on *Mimi's dancing feet* for you and your children to try.

- As you read the story together, make comments that help your children to explore the story. For example, after reading page 4, you could say, "I wonder why Mimi's feet didn't reply. Can you think why?"
- Draw your children's attention to the illustrations. For example, on page 7 you could say, "Look at Gogo. How do you think she feels?"
- Ask your children whether they think Mimi enjoys dancing – or, is it just her feet that enjoy it?
- Do your children like to dance? Play some music that you all enjoy and dance together. Or, play a dancing game together, like *Do the Hokey Pokey*.
- The picture alongside comes from the last page of the story. Encourage your children to write what they think Mimi and Gogo are saying as Mimi dances off down the street.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imisebenzi esuselwa endabeni ethi, *Izinyawo zikaMimi ezidansayo eningayizama nezingane zakho*.

- Ngesikhathi nifunda indaba ndawonye, phawula ngokuzosiza izingane zakho ukuthi zijule nendaba. Isibonelo, ngemuva kokufunda ikhasi lesi-4, ungathi, "Kazi kungani izinyawo zikaMimi zingazange ziphendule. Nicabanga ukuthi kungani?"
- Khombisa izingane zakho imidwebo. Isibonelo, ekhasini lesi-7 ungathi, "Bukani uGogo. Ngabe nicabanga ukuthi uzizwa kanjani?"
- Buza izingane zakho ukuthi ngabe zicabanga ukuthi uMimi uyakuthanda yini ukudansa – noma, ngabe yizinyawo zakhe nje ezikuthandayo?
- Ngabe ziyakuthanda yini ukudansa izingane zakho? Dlalani umculo eniwuthandayo bese nidansa nonke ndawonye. Noma, dlalani umdlalo wokudansa ndawonye, ofana no-*Do the Hokey Pokey*.
- Isithombe esiseceleni sivela ekhasini lokugcina lendaba. Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale lokho ezicabanga ukuthi kushiwo uMimi noGogo ngesikhathi uMimi edansa emgwaqweni.

Reading club tip #9

Let older children at your club read the "Story corner" stories on page 8 on their own and/or to the younger children.

Icebo lethimba lokufunda lesi-9

Dedela izingane ezindadlana ethimbeni lakho lokufunda ukuthi zifunde izindaba ze-"Khona lezindaba" ekhasini le-8 zodwa kanye/noma nezingane ezisencane.



Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Afrika

Age: 7

Sister: Dintle

Cousins: Neo and Mbali


Favourite snack: watermelon

Favourite places to visit: museums, science centres

Books he likes: "how to" books that give instructions for making interesting things, as well as fact books

Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo, ubasebenzisele ukwenza ezakho izithombe, izindaba nanoma yini oyicabangayo!



Okumayelana no-Afrika

Iminyaka yobudala: 7

Udadewabo: UDintle

Abazala bakhe: UNeo noMbali

I-snack asithandayo: Ikhabe

Izindawo athanda ukuzivakashela:

Isemyuziyemu, nasezikhungweni zesayensi

Izincwadi azithandayo: "Izincwadi ezichaza ukuthi kwenziwa kanjani okuthile", ezinikeza imiyalelo yokwenza izinto ezihlaba umxhwele, nezincwadi ezikhuluma ngezinto ezingamaqiniso

Here's an idea...

Cut out and colour in the picture of Afrika and then paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.

- Draw a thought bubble and then draw a picture inside it to show how Afrika is thinking of using the object he has made.
- Draw something on the end of the hook that will make this a funny picture!


Or, keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nali icebo...

Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sika-Afrika bese usinamathisela ephepheni elikhulu. Emva kwalokho yenza okukodwa noma okungaphezulu kulokhu okulandelayo.

- Dweba ibhamuza lomcabango bese udweba isithombe ngaphakathi kwalo ukuze ukhombise ukuthi u-Afrika ucabanga ukuyisebenzisa kanjani into ayenzile.
- Dweba okuthile ekugcineni kwencwadi okuzokwenza ukuthi sihlelise lesi sithombe!

Noma, ugcine isithombe endaweni ephephile bese kuthi uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!



Story corner

Here is the first part of a story for you to read aloud or tell. It is about Thukile, who tries to help in the most ridiculous ways!

Silly Thukile (Part 1) Retold by Wendy Hartmann

Once upon a time a young man named Thukile lived with his mother in a tiny house. They were very poor and the only money his mother made was by selling the eggs that her hen laid.

Thukile was so lazy that he did nothing. He would lie in the shade in the summer and sit by the fire in the winter.

One Monday morning Thukile's mother was so upset that she said, "Thukile, if you do not go and work for your food I will make you leave this house forever."

"I had better do something," Thukile said. "This time my mother sounds very cross."

On Tuesday, Thukile asked the farmer across the river for a job. The farmer got Thukile to fix his fence and paid him a few silver coins. Thukile bounced the coins up and down so that he could see them shine in the sun. But before he had crossed the river, he had lost all the coins.

"You silly boy," said his mother, "you should have put them in your pocket."

"Oh," said Thukile, "I'll do that next time."

On Wednesday, Thukile asked another farmer, "May I help you with your cows?"

"Yes," said the farmer, "and I will pay you a jar of milk."

At the end of the day, the farmer gave Thukile the jar of milk. Thukile put the jar into the pocket of his coat as his mother had said he should. Splish! Splash! Splish! The milk spilt out and the jar was empty before he got home.

"Dear me, Thukile!" said his mother. "You should have carried the jar on your head."

"Okay," said Thukile, "I'll do that next time."

On Thursday, Thukile worked for a woman who made yoghurt. She gave Thukile some yoghurt for helping her. It was in an open plastic container that was wrapped in a cloth. Thukile put the container on his head as his mother had said he should. But by the time he got home, there was very little yoghurt left in the container.

"You silly boy," said his mother, "you should have carried it in your hands."

"Oh!" said Thukile. "I'll do that next time."

What do think Thukile is going to try next? Find out next week whether he is ever able to do something that is actually helpful to his mother!

In your next Nal'ibali supplement:

- Giving books as gifts
- Find out about International Picture Book Month
- Meet some of South Africa's picture book authors and illustrators
- A cut-out-and-keep book, *Swimming in the sun*
- The final part of the story, *Silly Thukile*

Our tip sheets offer easy ways for caregivers and volunteers to help children become successful readers at any age – and they're available in six South African languages! Download them for free at: <http://nalibali.org/resources/>.

Find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Sithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa. Imayelana noThukile, ozama ukusiza ngezindlela eziwubuwula obuphindiwe!

Isiwula esinguThukile (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha uWendy Hartmann

Kwasukasukela, kwakukhona umfana ogama lakhe linguThukile owayehlala nomama wakhe endlini encane. Babempofu kakhulu kanti ukuphela kwemali eyayitholwa umama yayivela ekudayiseni amaqanda ayezalelwa isikhukhukazi sakhe.

UThukile wayeyivila elikhulu, wayehlala angenzi lutho. Wayelala emthunzini ehlobo bese ehlala eduze nomlilo ebusika.

Ngomunye uMsombuluko ekuseni umama kaThukile wayethukuthele kakhulu waze wathi, "Thukile, uma ungayi ukuyosebenzela ukudla kwakho ngizokwenza ukuthi uhambe ungaphinde ubuye lapha ekhaya."

"Sengathi kumele ngenze okuthile ngalokhu," kusho uThukile. "Namhlanje umama uzwakala ethukuthele kakhulu."

NgoLwesibili, uThukile wacela umsebenzi kumlimi awayengaphesheya komfula. Umlimi wanika uThukile umsebenzi wokulungisa uringo lwakhe wase emkhokhela imali eyizinhlamvu zesiliva ezimbalwa. UThukile wayede ephonsa enqaka imali yakhe ewuhlweza ukuze ayibone icwebezela elangeni. Kodwa ngaphambi kokuba awele umfula wayeselalekelwe yiyo yonke imali yakhe ewuhlweza.

"Silima ndini somfana," kusho umama, "bekumele uyifake ephakatheni lakho."

"O," kusho uThukile, "ngizokwenzenjalo ngokuzayo."

NgoLwesithathu, uThukile wacela komunye umlimi wathi, "Ngicela ukusiza ngezinkomo zakho?"

"Yebo," kusho umlimi, "ngizokukhokhela ngojeke wobisi."

Ekupheleni kosuku, umlimi wanika uThukile ujeke wobisi. UThukile wafaka ujeke ephakatheni elikhulu lejazi lakhe njengoba wayetshelwe ukuthi enze kanjalo ngumama wakhe. Phaxa! Phaxa! Lwachitheka lonke ubisi kanti nojeke wawungasaphethe lutho ngesikhathi efika ekhaya.

"Kodwa nkosi yami!" kusho umama wakhe. "Bekumele uthwale ujeke ekhanda lakho."

"Kulungile," kusho uThukile, "ngizokwenzenjalo ngokuzayo."

NgoLwesine, uThukile wasebenzela owesifazane owayenza iyogathi. Wanika uThukile iyogathi ngokumsiza kwakhe. Yayisesiquthini seplastiki esivulekile esimbozwe ngendwangu. UThukile wathwala isiquthini ekhanda lakhe njengoba wayetshelwe ukuthi enze kanjalo umama wakhe. Ngesikhathi efika ekhaya, kwakusele iyogathi encane kakhulu esiquthini.

"Silima ndini somfana," kusho umama wakhe, "bekumele uyiphathe ngezandla."

"O!" kusho uThukile. "Ngizokwenzenjalo ngokuzayo."

Ngabe ucabanga ukuthi yini elandelayo uThukile azozama ukuyenza? Thola ngesonto elizayo ukuthi ngabe uzogcina ekwazile yini ukwenza into ezoba usizo kumama wakhe!

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukunikeza iziphondo eziyizincwadi
- Thola kabanzi ngeNyanga Yezincwadi Ezinezithombe Yomhlaba Wonke
- Sikwethulela abanye ababhali bezincwadi ezinezithombe nabadwebi bezithombe baseNingizimu Afrika
- Incwadi ozoyisika uyigcine, *Ukubhukuda Elangeni*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Isiwula esinguThukile*

Amakhasi ethu okunikeza amacebo anikeza izindlela ezilula zabanakekela izingane namavolontiya ukuze kusizwe izingane ukuthi zibe abaphumelelayo ekufundeni noma ngabe zineminyaka emingakanani – futhi atholakala ngezilimi eziyisithupha zaseNingizimu Afrika! Zithwebula ngenisa yekhompuyutha mahhala ku-<http://nalibali.org/resources/>.